


NguMongameli uThomas S. Monson



## Sizilungiselele?

**E**ndaweni ngalapho benghlala khona futhi ngisebenza, iSonto lalinohlelo lezinkukhu, lapho kwakusebenza amavoluntiya amaningi aphuma kumawadi wenkonzo aseduzane. Esikhathini esiningi lomsebenzi ubusebenza kahle kakhulu, unikezela indawo yokugcina izinto zikabhishobhu ngamaqanda kanye namakhulu wezinkukhu. Ngesinye isikhathi, nokho, ukuvoluntiya kwabalimi basedolobheni kwakungasho ukuthi uzoba nezilonda ezandleni kuphela kodwa nokukhathazeka kwenhliziyo kanye nengqondo.

Ngakho ke, Ngizohlala ngikhumbula isikhathi lapho sihlanganisa abesilisa abasebasha abanobuPristi buka Aroni ukuthi basize ngokuhlansisa kulomsebenzi. Isixuku esasikhuthele futhi esasinomdlandla sahlangana kulomsebenzi ngokushesha besusa, beqokelela, kwaye bashisa ukhula nododi omningi. Ngokukhanya nemfudumalo yemililo emikhulu, sadla amasoseji futhi sazihalalisela ngomsebenzi oncomekayo esasiwenzile.

Nokho ke, kwakunenkinga eyodwa eyabayinhlekelele. Umsindo kanye nemililo kwahlukumeza iqoqo lezinkukhu ezingu- 5,000 zathuka futhi zahluleka ukuzala amaqanda. Emva kwalokho sabekezela ukhula kancane ukuze sithole amaqanda futhi.

Alikho ilunga leBandla elike lasiza ukunikela labo abanezidingo elike lakhohlwa noma lizisole ngalokho okwenzeka. Ukusebenza, nokunakekela, ukuzimela, kanye nokwabelana nabanye akukho kusha kithi.

Kufanele sikhumbule ukuthi izindawo zokugcina ezibaluleke kakhulu kulohlelo ukuthi yonke imindeni

yaseSontweni ibenokudla, izimpahla, futhi, uma kukhoneka, ezinye izidingo zempilo ezibekiwe. Indawo yeNkosi yokugcina izinto ihlanganisa isikhathi, amathalente, amakhono, uzwelo, nokunikezelwe okungcwele, kanye nesimo sezemali zamalungu athembekileyo we-Bandla. Lezizinto zikhona ukuthi ubhishobhu asize labo abanezidingo.

Sigqugquzela bonke Abangcwele bezinsuku zokugcina ukuthi bahlelisise uma benza izinto, baphile impilo esezingeni elifanele, futhi babalekelele izikweledi ezingadingeki noma eziningi. Abantu abanengi bangakwazi ukudlula kwizivunguvungu zomnotho ezimpilweni zabo uma benokulingene ukudla kanye nezimpahla futhi bengenazo izikweletu. Namuhla sithola ukuthi abanengi balandela lesixwayiso ngokudideka: banezikweledi eziningi futhi abanakho ukudla kwanhlobo okugciniwe.

Ngiyaphinda futhi okwashiwo ubuMongameli Bokuqala eminyakeni embalwa edlule:

“Abangcwele Bezinsuku Zokugcina baxwayiswe iminyaka eminingi ukuba balungiselele ubunzima ngokubeka imali encane. Ukwenza njalo kuletha ukuvikeleka kanye nempilo enhle kakhulu. Yonke imindeni kufanele ikwazi ukuzinakekela izidingo zayo ngamandla ayo.

“Siyakugqugquzela noma ngabe uhlala kuphi emhlabeni ukuba uzilungiselele ubunzima ngokubheka ukuthi ume kanjani ngesimo sezemali. Sikukhuthaze ukuthi usebenzise kahle imali; ukwazi ukuzingqanda uma uthenga ukuze ubalekelele izikweletu. Ubhadale izikweledi

ngokushesha uma ukwazi ukukwenza loko, uzikhulule kulobugqila. Ubeke imali encane njalo ukuze ukwazi ukwakha isikhwama sokugcina izimali.”<sup>1</sup>

Sizilungiselele ukubhekana nesimo esiphuthumayo ezimpilweni zethu? Amakhono ethu alungisiwe na? Siphila ngokubonelela ikusasa? Kukhona lapho sigcina khona esikudingayo lapho kutholakala kalula? Siyayigcina imiyalelo kaNkulunkulu? Siyazilandela izimfundiso zabaprofethi? Sizilungiselele ukunikeza kulabo abahluphekile futhi nabampofu? Siyilungele iNkosi?

Siphila esikhathini esinzima. Ikusasa lethu asilazi; ngakho ke, siyaphoqeleka kuthi silungiselele esingakwazi. Uma kufika isikhathi sezingqumo, isikhathi sokuzilungiselela siphelile.

#### AMANOTHI

1. The First Presidency, *All Is Safely Gathered In: Family Finances* (pamphlet, 2007).

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Cabanga ngezidingo zalabo obavakashelayo, cabanga izindlela ongakwazi ukubasiza ukuthi bakwazi ukuzimela ngokomsebenzi, ngokwezimali, ngokubeka ukudla, noma ngokulungiselela ubunzima noma ingozi. Cabanga ikhono ongabelana ngalo kubo, elifana nokulima noma ukusebenzisa imali ngendlela elungile, engabapha amandla wokuthi bakwazi ukulandela umlayelo kaMongameli Monson.

## INTSHA

### Ngasebenza futhi

**NguJaine Araujo**

**N**gelinye ilanga, emva kokuqeda uhlelo lokusebenza, bengidlula endlini yokuhlanganela ngabona odade ababili behlanza isakhiwo. Amagama ami aziphumela nje: “Bodade, nidinga usizo?” Omunye wabo wangiphendula wathi ngifike ngesikhathi ngoba

babehlanza indlu bodwa futhi bekhathele kakhulu. Wathi ubethandaza ukuthi iNkosi ithumele umuntu ongabasiza. Ngajabula kakhulu ukuthi ngibe yimpendulo yemithandazo yabo. Ngangiqeda ukusiza omunye umuntu ngokusebenza naye futhi bengikhathele, kodwa ngalandela inhliziyo yami ngazinikela ekusizeni ngokusebenza futhi.

Ngumyalelo ukusebenza ngenjabulo (bona D&C 24:7). Uma sinesifiso sokusebenza ngaso sonke isikhathi, singasiza ukuletha izimanga ezimpilweni zabanye abantu. Uma sisebenza singathola injongo ezimpilweni zethu. Inkosi iyasithanda kakhulu, Isiza abantwana bayo ngamunye ngamunye, futhi Uzasinikeza amandla wokusebenzela abanye.

*Umbhali uhlala eRio Grande do Norte, eBrazil.*

## IZINGANE

### Uzilungiselele?

Izimpendulo: Yebo, Yebo, Cha, Yebo, Cha

**U**Mongameli uMonson usicele ukuthi omunye nomunye wethu azilungiselele ezikhathini zobunzima futhi sise abanye ngalezozikhathi zobunzima. Phendula lemibuzo kaYebo-noma Cha ukubona ukuthi uzilungiselele!

Ngiyakwazi ukuthola umuntu ongangisiza.

Yebo  Cha

Ngingakwazi ukubonga konke enginakho.

Yebo  Cha

Anginawo amathalente engingabelana ngawo kwabanye abantu.

Yebo  Cha

Ukubeka imali manje uyibekela isikhathi esizayo umbono omuhle.

Yebo  Cha

Ngidinga amathoyisi kanye nezimpahla ezinhle ukuze ngijabule.

Yebo  Cha



# Umsebenzi Ongcwele kaJesu Kristu: Ummeli

*Ngomkhuleko funda lombhalo futhi ufume ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuzwisisa impilo kanye nomsebenzi woMsindisi kuzakhulisa kanjani ukhoho lwakho kuYena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org)*

**Ukhoho • Umndeni • Inkululeko**

*Lena ingxenywe yemilayezo elandelanayo yeMlayezo Yokufundisa Ngokuvakasha ephathelene nomsebenzi woMsindisi.*

**U**Jesu Kristu wathembisa, “Angiyikunishiya niyizintandane; ngiyenza kini” (UJohane 14:18). Uzosinikeza “amaqhele esikhundleni somlotha, amafutha enjabulo esikhundleni sokulila” (Izaya 61:3). Ngoba uKristu uhluphekele iNhlawulo yethu ngamunye nomunye, ngeke Asikhohlwe. “Umsindisi uthathe Kuye . . . ubuhlungu kanye nenhlupheko kanye nobunzima ukuze Yena azi ukuthi thina sizizwa kanjani nokuthi yena asiduduze kanjani thina,” kwasho uLinda S. Reeves, oyisekela lesibili kubumongameli jikelele beNhlango Yabesimame Ekhululekile.<sup>1</sup>

Ukwazi ukuthi uKristu uzosiduduzisa kuletha ukuthula futhi kuyasigqogqezela ukuthi silandele Isibonelo sakhe sokukhokhela ngobufundisi kwabanye. uMongameli uThomas S. Monson wathi: “Ulwazi lwethu lwevangeli kanye nothando lukaBaba waseZulwini kanye noMsindisi luzosiduduzisa

futhi lusigcine bese lulethe injabulo ezinhliziyweni zethu njengoba sihamba ngobuqotho futhi sigcina imiyalelo. Ayikho into engasihlula emhlabeni.”<sup>2</sup>

## **Kuvela Embhalweni Ongcwele**

uJohane 14:18, 23; u-Alma 7:11–13; Imfundiso kanye Nezivumelwano 101:14–16

## **Kuvela Emlandweni Wethu**

uElaine L. Jack, umongameli jikelele wesi 12 weNhlango Yabesimame Ekhululekile, wathi: “Ekufundiseni ngokuvakasha siyasizana sonke. Izandla zikhuluma lokho ulwimi olungakwazi ukukusho. Ukusingatha ngemfudumalo kukhuluma okuningi. Siyabumbana uma sihleka sonke. Isikhathi sokwabelana sivuselela imiphfumulo yethu. Ngeke sikwazi ngasosonke isikhathi ukusiza labo abakhathazekile, kodwa singamphakamisa ukuze akwazi ukubhekana nobunzima kangcono.”<sup>3</sup>

Amavulandlela weNhlango Yabesimame Ekhululekile “bathola

amandla ngokomoya ngokuthandana kanye ngokuzwelana. . . . Njengoba belingwa ngokugula kanye nokufa, bathandazelana ngenkolo futhi baduduzana. ‘Uthando lukaNkulunkulu luhamba inhliziyu nenhliziyu,’ kwabhala uHelen Mar Whitney. ‘kuzekufike isikhathi lapho umubi angabi namandla ekuzameni kwakhe ukungena ngaphakathi kwethu neNkosi, nemicibisholo yakhe yenkohlakalo, ngesinye isikhathi, iphele amandla wokulimaza.’<sup>4</sup>

## **AMANOTHI**

1. uLinda S. Reeves, “The Lord Has Not Forgotten You,” *Ensign* noma *Liahona*, Nov. 2012, 120.
2. Thomas S. Monson, “Be of Good Cheer,” *Ensign* or *Liahona*, May 2009, 92.
3. uElaine L. Jack, in *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 119.
4. *Daughters in My Kingdom*, 171.

## **Cabanga Ngalokhu**

Kukududuzisa kanjani ukwazi ukuthi iNkosi iyakukhumbula?